## IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uqale ukuphendula imibuzo.

2. Ungafundi imibuzo yonke yephepha. Qala ubheke uhla lokuqukethwe olukhonjisiwe bese ukhetha imibhalo oyifundile kulo nyaka. Emuva kwalokho, funda imibuzo yaleyo mibhalo bese ukhetha imibuzo ozoyiphendula.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Izinkondlo | (30) |
| ISIQEPHU B: | Inoveli/Ubuciko bomlomo | (25) |
| ISIQEPHU C: | Umdlalo | (25) |

4. Phendula imibuzo EMIHLANU isiyonke: ISIQEPHU A: Imibuzo EMITHATHU, ISIQEPHU B: Umbuzo OWODWA, ISIQEPHU C: Umbuzo OWODWA njengoba kukhonjisiwe.

   ISIQEPHU A: IZINKONDLO
   IZINKONDLO EZIMISELWE – Phendula imibuzo EMIBILI.
   INKONDLO ENGAMISELWE – UPHOQELEKILE ukuphendula lo mbuzo.

   ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO
   Phendula umbuzo OWODWA.

   ISIQEPHU C: UMDLALO
   Phendula umbuzo OWODWA.

5. INDLELA YOKUPHENDULA IMIBUZO YESIQEPHU B (INOVELI) KANYE NEYESIQEPHU C (UMDLALO).

   - Phendula KUPHELA imibuzo yenoveli kanye neyomdlalo owufundile.
   - Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omfushane ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omude ESIQESHINI C. Sebenzisa uhla oluyinkomba lokuphendulwa kwemibuzo ukuze lukwelekelele ekukhetheni imibuzo.

6. UBUDE OBULINDELEKILE BEZIMPENDULO

   - Umbuzo omude ezinkondlweni mawuphendulwe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.
   - Imibuzo emide enovelini kanye nasemdlalweni mayiphendulwe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.
   - Ubude bezimpendulo zemibuzo emifushane buyolekelelwa amamaki anikeziwe okuyiwona ayolawula ohlolwayo ukuthi kumele aphendule kangakanani. Abafundi mabaqaphele ukuthi abathemelezi, kodwa baphendula okubuziwe.

7. Landela ngokucophelela imiyalelo oyinikeziwe ekuqaleni kwaleso naleso siqephu.

8. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenzisiwe abahlolayo emibuzweni.

9. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

10. Ukusetshenziswa kwesikhathi kungahlelwa ngale ndlela:

    ISIQEPHU A: Imizuzu engama-40
    ISIQEPHU B: Imizuzu engama-55
    ISIQEPHU C: Imizuzu engama-55

11. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.

**OKUQUKETHWE**

Leli khasi liyolekelela abahlolwayo ukuba bakhethe imibuzo abazoyiphendula ngaphandle kokufunda imibuzo yephepha lonke.

| **INOMBOLO YOMBUZO** | **UMBUZO** | **AMAMAKI** | **INOMBOLO YEKHASI** |
|---|---|---|---|
| **ISIQEPHU A: IZINKONDLO** | | | |
| **Izinkondlo ezimiselwe: Phendula noma ngabe yimiphi imibuzo EMIBILI.** | | | |
| 1. 'Ngaphansi Komthunzi' | Umbuzo omude | 10 | 6 |
| 2. 'Imvunge Yeminyezane' | Umbuzo omfushane | 10 | 7 |
| 3. 'Yekanini Ukungazi' | Umbuzo omfushane | 10 | 8 |
| 4. 'Inhlonipho' | Umbuzo omfushane | 10 | 10 |
| **KANYE** | | | |
| **Nenkondlo engamiselwe: Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo.** | | | |
| 5. 'Ungalethembi izinyo' | Umbuzo omfushane | 10 | 11 |
| **QAPHELA:** Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI B kanye ESIQESHINI C. | | | |
| **ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO** | | | |
| **INOVELI: Phendula umbuzo OWODWA kule noveli emiselwe.** | | | |
| 6. *Bengithi Lizokuna* | Umbuzo omude | 25 | 13 |
| 7. *Bengithi Lizokuna* | Umbuzo omfushane | 25 | 13 |
| 8. *Usumenyezelwe-ke Umcebo* | Umbuzo omude | 25 | 15 |
| 9. *Usumenyezelwe-ke Umcebo* | Umbuzo omfushane | 25 | 16 |
| 10. *Kunjalo-ke* | Umbuzo omude | 25 | 18 |
| 11. *Kunjalo-ke* | Umbuzo omfushane | 25 | 18 |
| **NOMA** | | | |
| **UBUCIKO BOMLOMO: Phendula umbuzo OWODWA kolobu buciko bomlomo obumiselwe.** | | | |
| 12. *Uju Lwezizukulwane* | Umbuzo omude | 25 | 20 |
| 13. *Uju Lwezizukulwane* | Umbuzo omfushane | 25 | 22 |
| **ISIQEPHU C: UMDLALO** | | | |
| **Phendula umbuzo OWODWA kule midlalo emiselwe.** | | | |
| 14. *Kudela Owaziyo* | Umbuzo omude | 25 | 25 |
| 15. *Kudela Owaziyo* | Umbuzo omfushane | 25 | 25 |
| 16. *Awuwelwa UMngeni* | Umbuzo omude | 25 | 27 |
| 17. *Awuwelwa UMngeni* | Umbuzo omfushane | 25 | 28 |

**QAPHELA:** Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE ESIQESHINI B kanye NASESIQESHINI C. Akuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma EMIBILI emfushane.

**Uhla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo.**

Emuva kokuphendula imibuzo yaleli phepha sebenzisa lolu hla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo ukuze ube nesiqiniseko sokuthi uyikhethe ngokufanele imibuzo okulindeleke uyiphendule.

| ISIQEPHU | INOMBOLO YEMIBUZO | INANI LEMIBUZO EPHENDULIWE | THIKA (✓) |
|---|---|---|---|
| A: Izinkondlo (Ezimiselwe) | 1–4 | 2 | |
| A: Inkondlo (Engamiselwe) | 5 | 1 | |
| B: Inoveli (Umbuzo omude NOMA omfushane) | 6–11 | 1 | |
| B: Ubuciko bomlomo (Umbuzo omude NOMA omfushane) | 12–13 | 1 | |
| C: Umdlalo (Umbuzo omude NOMA omfushane) | 14–17 | 1 | |

**QAPHELA:** ESIQESHINI B no C, qinisekisa ukuthi uphendule umbuzo OWODWA OMUDE kanye nombuzo OWODWA OMFUSHANE. Awuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma imibuzo EMIBILI emifushane.

ESIQESHINI B, khetha phakathi kwenoveli nobuciko bomlomo, uphendule UMBUZO OWODWA, ungaphenduli ngazo zombili lezi zinhlobo zemibhalo.

## ISIQEPHU A: IZINKONDLO

## IZINKONDLO EZIMISELWE

Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI kulena emine ebuziwe elandelayo.

### UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

**NGAPHANSI KOMTHUNZI – P Ngubo**

Ungilondile ngalondeka ngathokoza,
Ngahlala ngenaba ngamamfuza nganwampel' izangqondo,
Izindebe zehla amafutha zaba bushelelezi,
Iso labona nokungabonwa sangoma nampholofithi,
Ingqondo yaphakama yangangezulu,
Yajula yathokoza ngahalalisa kuSomaqhinga,
Ngayindab' ezweni ngingumuntu odlal' amakhubalo-
Amakhubal' engawathol' enyangeni yakwaNgqondonkulu.
Ngininik' uphaphe lwendlondlo Sonane noMaMtimande omkhulu,
Ngokunginika ithuba ngisike kwelinonile.
Ngiphakamisa nobabili ngokungemulisa ngisik' insonyama.
Lezi zenz' enangipha zona naningihlomisa;
Noma kunini ngithokozel' ukungadlali Ndiya naBhunu.
Lesi sibani kasicimi nom' izivunguvungu zihlasela.

Xoxa ngekhono lembongi lokusebenzisa ubuciko obunhlobonhlobo ekubumbeni isakhiwo sangaphandle sale nkondlo. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama ayi-190 kuya kwangama-240. Ulindeleke ukuthi uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Makuchazwe ubuciko obunhlobonhlobo obusetshenziswe yimbongi ukubumba isakhiwo sangaphandle sale nkondlo.
- Makuphawulwe ngokucaphuna izibonelo zobuciko ezinhlobonhlobo ezibumba lesi sakhiwo.
- Ukuveza uvo lwakho. **[10]**

## UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**IMVUNGE YEMINYEZANE – JJ Thwala**

Ngizw' imvunge yeminyezane,
Izwakal' ezinkwazini zoMhlathuze,
Iqongel' ezintabeni zoNgoye,
Ingikhumbuz' amaqhawe namaqhawekazi
Adl' umhlanganiso **kwaNgqondebanzi,**
Evath' iminyezane yobuhlakani
Ahlahl' indlela yakwaLwazi
Ehanjwa ngokuzinikela zikhuthali.

Ngizw' imvunge yeminyezane,
Izwakal' osebeni loMngeni,
Naphakath' ezizibeni zoMngeni
Okubhukud' amaqhawe namaqhawekazi,
Evunul' izidlodlo zenhlonipho,
Avunul' ezegwalagwala zekhethelo,
Kwahlokom' umhlaba ngenhlokomo,
Kwenanel' imvelo ngemvunge.

Ngizw' imvunge yeminyezane,
Ngavul' izindlebe zakhongozela
Unqambothi lobuzwilili baphakade,
Ngaqanul' amaqaphelo ngasinga
Izimangaliso zemikhiqizo **yakwaNgqondebanzi:**
Zihlinzek' ubuntu nobunye,
Zahlinzek' ubuqotho nesineke,
Zahlinzek' inhlonipho nenkuthalo.

Ngizw' imvunge yeminyezane,
Ingikhumbuz' ukuchwaza kwamahlokohloko,
Ingikhumbuz' ubungqungqulu bezingqungqulu,
Ingikhumbuz' ubuntengu bezintengu,
Ingikhumbuz' ubungududu bezingududu,
Ingikhumbuz' ubunkwazi bezinkwazi
Ingikhumbuz' ubuzwilili bemizwilili-
Yivungeni minyezane, yivungeni!

Ngizw' imvunge yeminyezane
Ihamba nemizwa yami
Kwelezincithabuchopho **kwaNgqondebanzi,**
Ingifunz' imilozi engoyivunga phakade,
Ngiqubule ngelegwalagwala kuhlokom' umhlaba,
Ngihlonyw'ezegwalagwala kwetusw' imvunge
Yivungeni minyezane yaphakade yivungeni!
Yivungeni kuxhuman' elezinyanya nelengabadi.

41 Ngizw' imvunge yeminyezane,
42 Ihamba nami emakhaphelweni,
43 Okomkhapheyana elus' uchibidolo
44 Olunkone nolunkonekazi,ngiyayivunga,
45 Olumpevu nolumpevukazi, ngiyayivunga,
46 Olumtshezi nolumtshezikazi, ngiyayivunga-
47 Oluhhemu noluhhemukazi, ngiyayivunga
48 Yivungeni minyezane yekhethelo, yivungeni!

2.1 Tomula isimo sokukhuluma esiyisisho ebinzeni loku-1 esichaza ukunqoba. (1)

2.2 Fingqa umqondo oqukethwe ibinza lesi-2. (3)

2.3 Humusha ukuphindaphinda kwegama elibhalwe ngokugqamile. (2)

2.4 Qhathanisa okushiwo imbongi emgqeni wama-44 kuya kowama-47 kanye nokwenzeka uma kuthweswa iziqu ezikhungweni zemfundo ephakeme. (2)

2.5 Ake uncome ikhono lembongi ekusebenziseni ukuxhumana okutshekile ebinzeni lesi-5. (2)
**[10]**

**UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**YEKANINI UKUNGAZI – PB Vilakazi**

1 Kweyam' impilo yokungazi,
2 Ayequndekil' amehlo engaboni,
3 Kuboph' ufasimbe lwenkung' emqondweni,
4 Ngingaboni kuphuma nakushona kwelanga,
5 Konke kuyinal' engenakunqamuka,
6 Engenakushatshalaliswa nangamakloba
7 Ahangul' izikhotha zibhincele nxanye,
8 Zishintsh' imibala njengonwabu.

9 Kwakumnand' ukukhuluma ngokutetema,
10 Ngibik' ubuthakathaka ngokufehla,
11 Ngibik' indlala ngokudind' isililo,
12 Konke kujoj' inhliziyo kamama,
13 Angikhuselis' embelekweni ngijabule.

14 Kwakumnandi ngizikhomba ngizikhombile
15 Izidingo ezazithokozisa mina ngedwa,
16 Ngingenakumcabangel' omuny' umuntu
17 Ngob'engabalulekile njengami.
18 Emadlelweni ngangelusa ngokuthanda,

Ngibhushuzela ngemuva kwamathole,
Konke ngikwenza ngokuthanda,
Uma ngingathandi ngizigingqe phansi,
Ngibik' umkhuhlane ongayindawo,
Akhathazek' umama engaqondi.

Namuhla idamukil' inkungu,
Umqondo wokuzenzisa uhambile,
Unyamalale nobuncane bami,
Ngisele nemigoqo engancengi,
Engibondis' isijingi sokuxakeka,
Ngibasadondolozele kuphuk' udondolo,
Ukhakhayi lwephuz' ukuqina,
Ngibamb' insimb' eshisayo ngezandla,
Ngibhinc' izigege ezidilikayo,
Yizona njalo izithelo zombuso.

Sekungikhanyele njengekhwezi lokusa,
Ngemuva kokucimeza kokugcina kukamama,
Ukuth' umhlaba uyakhulelwa,
Angisenameluleki oyongiluleka njalo
Nalapho sengibulawa ngukuzibusa,
Zonk' izintaba zempilo ziqongile,
Amadolo ami asuth' amanzi,
Sengathi lezi zinduku ziyangigojela.

Ngiyophunyuka kanjani kulawa maketango
Angixhakathis' izandla nezinyawo?
Ngiyolwa kanjani ngingenazikhali?
Wo! Akusenani nanxa zinginetha,
Sengiyokwendlalel' izintuthwan' egodini.

3.1 Tomula isimo sokukhuluma esiyi-okzimoroni ebinzeni lokuqala. (1)

3.2 Hlanganisa ndawonye okufanayo okuqukethwe umyalezo ebinzeni lesi-2 kanye nelesi-3. (3)

3.3 Ngabe umfanekisomqondo otholakala emgqeni wama-31 unamthelela muni ekuqondeni kwakho le nkondlo? (2)

3.4 Humusha umqondo oqukethwe ibinza lesi-6. (2)

3.5 Phawula ngokuphumelela kwembongi ekusebenziseni umugqa oyisizura/ isikhawu emgqeni wama-45. (2)

**[10]**

## UMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**INHLONIPHO – KM Hlongwane**

Laf' elihle kakhulu!
Laf' elikaPhunga noMageba!
Yashona ngaph' inhlonipho?
Yadliwa inja iyinyama yini?

Waqophisana nami kwagcin' elakho,
Wangibuka phansi wangibuka phezulu
Qede washingila wangishiya nginkemile.
Izeluleko zam' uzishay'indiva!

Wahamb' izindlela zobumnyama,
Wabuya ngesikabhadakazi,
Wadudana nabangan' ababi,
Ngakhuza kwanhlanga zimuka nomoya!

Ngakhuluma nawe wachiz' ukotshi,
Wangibuka wanginyonkoloza,
Ngihloniphe mntanami
Ukuze nawe uhlonishwe.

Waqophisana nothish' esikoleni
Waphikisana nendalo nokuphila kuyo,
Wab' ukhanda limtshel' okwakhe,
Konakelephi sizwe sakithi?

Wazinikel' otshwaleni,
Walala ngabo wavuka ngabo,
Okuya ngasethunjini do!
Ngihloniphe bo!

Ngakukhuza wangibiza ngoMadala,
Ngathi ngikubek' isandla ngaphenduk' isiboshwa,
Indlel' ibuzwa kwabaphambili mntanami!
Ngeliny' ilang' uyokhal' ezimathonsi,
Ngobe ngingasekho mntanami!

4.1 Tomula imvumelwano maphakathi etholakala ebinzeni lokuqala. (1)

4.2 Nikeza okufanayo okuqukethwe umqondo otholakala emgqeni wesi-5 kanye nowesi-8 bese usho ubudlelwano bawo. (3)

4.3 Chaza ukuthi ukusetshenziswa kwezimpawu zokuloba emigqeni eminingi yale nkondlo kunamthelela muni esigqini sayo. (2)

4.4 Imigqa elekanayo etholakala ebinzeni lesi-4 inabudlelwane buni nomoya oqukethwe yile nkondlo? (2)

4.5 Ngabe lokhu okushiwo imbongi emgqeni wama-26 kuyiqiniso noma kungumbono wayo? Nikeza isizathu ubhekise kokwenzeka kuleli zwe. (2)
**[10]**

**KANYE**

**INKONDLO ENGAMISELWE (Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo).**

**UMBUZO 5 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

**UNGALETHEMBI IZINYO – SS Shabangu**

Ungalethembi izinyo,
Ulibona nje lingakuluma,
Kodwa libelokhu liphozisa
Lisineka uze wethembe,
Kanti lithi lala lulaza,
Ungazelele, sizokwengula.

Ungalethembi izinyo,
Liyavela namhla liguqubele
Sijabule sithi selibalele,
Kanti kuqhethe izingovolo
Zilokhu zihleka inhlinini
Ungaze uthi yinhlekabayeni.

Ungalethembi izinyo,
Lingakudonsa usondele eduze,
Kanti wuthando-mbumbulu,
Lothi qhamu qede kuvele imbulu;
Phela, uyahleka nomthakathi
Kuze kuvele ngisho elomhlathi.

Ungalethembi izinyo,
Lithi limhlophe libelihleka usulu;
Singcono isikhumba sami
Simnyama nje kwaphela
Sohlala sinjalo ngeke sibeyimpisi
Phansi kwesikhumba semvu.

[Icashunwe encwadini ethi, *Amagekle* – ESQ Zulu]

5.1 Tomula umugqa onesikhawu ebinzeni loku-1 kule nkondlo. (1)

5.2 Chaza kafushane umqondo ocashile oqukethwe impindwa kule nkondlo. (3)

5.3 Yimuphi umlayezo odluliswa imbongi emgqeni we-14? Bhekisa impendulo yakho kokushiwo yile nkondlo. (2)

5.4 Isenzukuthi esisetshenziswe ebinzeni lesithathu sikwelekelele kanjani ukuqonda umoya wale nkondlo? (2)

5.5 Phawula ngokusetshenziswa kokwelekana kwemigqa esitanzeni sokugcina sale nkondlo. (2)
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO

Khetha uhlobo OLULODWA lombhalo phakathi KWENOVELI NOBUCIKO BOMLOMO, uphendule ngokulandela imiyalelo engezansi.

## INOVELI

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

### UMBUZO 6 (UMBUZO OMUDE)

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

Phawula ngekhono lombhali ekubumbeni isakhiwo senoveli ethi, *Bengithi Lizokuna.*

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukwethula nokuchaza isakhiwo.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula ngekhono lombhali, ukucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho ngekhono lombhali ekubumbeni isakhiwo sendaba. **[25]**

### UMBUZO 7 (UMBUZO OMFUSHANE)

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

### ISIQESHANA A

'Ngelinye ilanga ngiyovele ngikuhlabe ngenhlamvu,' esho eshingila emshiya kanjalo uXolani efinya igazi elase liza ngamawala. Wazama ukuvuka, wadiyazela, wazama futhi, kwazameka, watabuzela ezama ukuqhubeka nokuhamba.
'Ha, kanti kawudelanga, usaqhubeka nokuya kule ntombi yami engikukhuza kuyo?' kusho uNdumiso ebuya esefinqqile, ekhomba ngomunwe.
'Bamba oze ngayo. Kengiphinde nje ngikubone lapha!' egcizelela ngokuqhulula inhlamba.

Akadinganga kuphindelwa uXolani ngokuthi akabambe eze ngayo. Wagxawuzela ngamawala eseqonde emotweni yakhe. Wayidumisa ngewala, yasuka kwakhala amathayi. Nasendleleni yayilokhu igijime njalo, ewajomba ewajombile amarobhothi amanye ayengasawaboni nakahle ngenxa yeso elase livuvukale layintaba ngomzuzwana nje. Kayisaphathwa-ke eyegazi, kwase kubomvu imoto. Wafika kwakhe engasafisi lutho. Akabange esayipaka nemoto, akabange esayikhiya nokuyikhiya. Empeleni wehla ingakami nakahle nje, wahlaba ngejubane eseqonde endlini.

Wathwala izandla ekhanda umkakhe.
'Yini Xolani, kwenzenjani?' ebuza ehlahle amehlo.
'Ngi …' yankwankwaza indoda. Phela endleleni akukho su ayelicabangile lamanga ayezowaqamba kumkakhe.
'Yini, kwenzenjani?' emphinqela amehlo.
'Hhayi, indaba ende,' esho ngomunyu esula igazi ngesikibha esase simfoma mfo ngenxa yegazi sekubonakala kancane nje ukuthi besinombala omhlophe.

Hhayi kuyozwakala,' kubalisa umkakhe, eqonda e-*bathroom* eyobheka izinto zokusiza umyeni wakhe owayeseyisimungulu nje elokhu ehefuzelela phezulu engundaza ephimisa igazi elalingamnike thuba ligobhoza njengale mvula yezibhakela ayebhaxabulwe ngazo nguNdumiso.

7.1 Gagula ubuqiniso obutholakala kulesi siqeshana obugqamisa ulwazi lwaphambilini ngomlingiswa onguNdumiso. (2)

7.2 Chaza kafushane ubunjalo bomlingiswa onguLungile obugqanyiswa okwenzeka kulesi siqeshana. (3)

7.3 Ngabe amazwi adwetshelwe enkulumeni kaLungile aqukethe mlayezo muni? (2)

7.4 Ucabanga ukuthi kusiveza kanjani isizinda ukusetshenziswa kolimi lwesiNgisi ezingxenyeni ezithile uma kukhuluma uMhlengi/Mahlengi kule noveli? (3)

7.5 Phawula ngeqhaza elibanjwe umlingiswa onguNyambose kule noveli. (3)

**KANYE**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA B**

'Hhawu, wangihambela phambili, bengisazokukhisa,' kuchaza uMahlengi ngamahlonyana.
'Ngikhise phela,' esho egoba eqabula. Kwaba wumzuzwana beqabulana, wazisusa izindebe zakhe uNdumiso, wanikina ikhanda wasigqolozela isithandwa sakhe esasimbuka ngokumangala.
'Uyaqala-ke ukukwenza lokhu selokhu sithandene,' embuka ngamehlo adangele, ebusweni kubhalwe ukuphoxeka.
'Sengenzeni manje?' ebuza ngokwexwaya.

*'You always close your eyes when we kiss. But today ...'* eneka izandla enikina ikhanda esigqolozela futhi isithandwa sakhe esesivele samshintshela ngelanga.
Ethuke uMahlengi. Yehheni, nangu umuntu eseqaphela yonke into bakithi. Uthi pho akasekufundile konke lokhu okumudla engqondweni nasenhliziyweni?
'Yini ngempela s'thandwa?' ebuza ngokukhathazeka uNdumiso.
'Hhayi bo, akulutho. Wena ubone kanjani ukuthi kangicimezile,' ebuza ngolakana manje.

'E ... e ...' abindeke, ahluleke ukuphendula. Athole inxeba uMahlengi.
'Uyabona ukuthi udlala ngami?'
'Kangidlali ngawe. Ngenziwa ukukuthanda.'
'Nami ngiyakuthanda. Ubusuvalelisile. Kasithintane kusasa,' esho esivula kakhulu isicabha. Wake wangabaza ukuphuma uNdumiso, wanikina ikhanda, wasibuka isithandwa sakhe, waphinde walinikina ikhanda, washaya kancane eseqonde emotweni. Emva komzuzwana yezwakala isiduma imoto yakhe, yasuka ngolaka, kwakhala amathaya.

Wayizwa uMahlengi, wanikina ikhanda. Wavala isicabha, wangena endlini wayoma ngasewindini, waphenya ikhethini wagqolozela laphayana olwandle olwaluthule, kulona kude kufiyoza izibani zezikebhe nemikhumbi eyayinyakaza kancane sengathi kayazi lapho iya khona. Wandwaza eside isikhathi uMahlengi.

7.6 Tomula isigameko esasidala udweshu phakathi kukaNdumiso noMahlengi ngenkathi beqabulana nesizathu sokwethuka kukaMahlengi ngokwalesi siqeshana. (2)

7.7 Chaza kafushane isiphetho sesakhiwana esimayelana nothando lukaNdumiso noMahlengi. (3)

7.8 Qhathanisa isigameko sokususa imoto kukhale amathaya kukaNdumiso kulesi siqeshana naleso sikaXolani sokususa imoto kukhale amathaya ngenkathi esanda kushaywa uNdumiso. (2)

7.9 Chaza imbangela yokusetshenziswa kwesu lokujeqeza emuva kukaNgidi ngenkathi uMhlengi emvakashele. (3)

7.10 Ngokwakho ukubona ngabe umbhali wale noveli uphumelele yini ukubhala ngokuguqula ubulili? Sekela impendulo yakho. (2)
**[25]**

**UMBUZO 8 (UMBUZO OMUDE)**

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

Phawula ngekhono lombhali ekubumbeni isakhiwo senoveli ethi, *Usumenyezelwe Umcebo*.

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukwethula nokuchaza isakhiwo.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula ngekhono lombhali, ukucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho ngekhono lombhali ekubumbeni isakhiwo sendaba. **[25]**

## UMBUZO 9 (UMBUZO OMFUSHANE)

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

## ISIQESHANA C

Amathemba ayeya ngokushabalala kuGenyeza, izinkomba zempilo zisho ukuphunyukwa yiqatha emlonyeni. Kunokuba azonele kwaKhambule wakhetha ukuwukhuthalela umsebenzi. NgoMsombuluko wawuqala ngesikhathi, igceke lakwaCampbell walilungisa ngesineke nangobunono, lalihle lanjeya. Esewenzile umsebenzi wageza kahle, waxoxa nentokazi eyayiqashwe lapha ekhaya. Usizi lwamsondeza kuGezekile ayekade engamnakile neze. UGezekile wanambuza emduduza ethi, 'Bekezela nje mfowethu. Inkonyane isethuka isisinga esithandweni sakho. Ngokuhamba kwezinsuku ingqondo izoswabuluka, sibone ukuthi umuntu osithanda isibili wuwena owabona ukuthi siwumuntu singakabi namali lena namuhla esisenza sibe yimayini eshayelwa ijoyini ebangwayo.'

UGenyeza wathula wandwaza embuka, engabuki sitho sakhe esihle, nabuhle ayeyibona. Wayephethwe wukudideka, ezwa engezwa. Besabonisana, waqhamuka umkaKhambule, wacela ukuba uGenyeza angene emotweni bathi shelele edolobheni bayothenga. Watatazela uGenyeza wangena, balinganisana nomesisi owayeshaye izibuko zelanga, zaya. Nakhona emotweni lapha indaba umkaKhambule ayeyibhidilisha ngesifanakalo yiyo eyomcebo, ebuza ukuthi babezoshada nini noMirriam, nokuthi base benqume ukwenzani ngesizumbulu semali. UmkaCampbell wayimisa imoto enxanxatheleni yezitolo, wakhipha imali wathuma uGenyeza ukuba ayomthengela okuthile nokuthile ekuthizathizeni.

Ngemuva komzukuzuku ezitolo uGenyeza ekubiza ngamagama angewona ayezokuthenga, wakuthola eselekelelwa kufuniselwa. Bedlulela ezitolo eziningi.

'Ginosi, nini yena funda hambisa moto?' umkaKhambule eqeda ukwesaba esisebenzini esasingakhululekile neze, simhlonipha.

'Ngingayifunda ngizoyenzani mesisi?'

| | | |
|---|---|---|
| 9.1 | Gagula ubuqiniso obutholakala kulesi siqeshana obugqamisa ulwazi lwaphambilini ngomlingiswa onguGenyeza. | (2) |
| 9.2 | Chaza kafushane ubunjalo bomlingiswa ongumkaCampbell/ ongumkaKhambule obugqanyiswa okwenzeka kulesi siqeshana. | (3) |
| 9.3 | Ngabe amazwi adwetshelwe kulesi siqeshana aqukethe mlayezo muni empilweni kaGenyeza? | (2) |
| 9.4 | Ucabanga ukuthi kusiveza kanjani isizinda ukusebenzisa ulimi lwesiFanakalo ezingxenyeni ezithile zale noveli uma kukhuluma abasebenzi nabaqashi baseThusini? | (3) |
| 9.5 | Phawula ngeqhaza elibanjwe umlingiswa onguMaSikhakhane kule noveli. | (3) |

**KANYE**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA D**

UMaHadebe ingcwaba ayelimbele uMaNdelu wayeselibona limkhamisele. Ucingo ayelushayile lwalunokumbophisa. Ikhambi wabona kuwukuthola izindlavini ezazizohlasela uMirriam emsebenzini, zilifune ngendlovu yangena ucingo, zimdlise ebuka nangomuthi ohlanyisayo. Elokuthela uMirriam ngoyaba lwezinswelaboya lagxila engqondweni. Ukubonisana noMazibuko ngalo wakubona kuwukuzichithela isikhathi nje. Wakhetha kona ukuba wutatalambu wesiziba esihamba buthule. Yamehlula eyedwa, walomela usizo lomyeni. Wayengathandabuzi ukuthi uMeyili wayemthanda, emehlula ngolimi. Ngakho wamfaka umoya, wamgqugquzela ukuba kufunwe izindlavini ezazizothelekela uNomvula, zifike zimbambe ngesihlozana zimdlise ngomuthi ohlanyisayo. UMeyili owayevele emehloluhlaza, eyilambele le mali, walilalelisisa icebo lomkakhe, wagcina ngokulamukela.

Inkinga ngokusho kukaMaHadebe yayingekho. Nezigebengu zazingezukuthengwa nakude, sikhona sizelwe ekhaya. Kwaba wukuvumelana nje babiza indodana yabo yesithathu, uMahuzu owayeyisigebengu eGoli. Yatheleka emaNgwaneni ngokushesha. UMaHadebe owayeyisigebengu ngenhliziyo wabusebenzisa ubuthakathaka bayo bobugelekeqe ngokuphila ngokugqekeza, ukweba nokubulala labo abayizithikamezo empilweni yayo. UMahuzu owayeshaya ngeyezicebi imoto wayizwa incazelo kanina ngomcebo kwayena awubona uyisikhwebu esasidlala imfene. Njengoba naye wayefuna ukuhlomula, akamfihlelanga unina ukuthi kwakungafa umuntu uma ezokwenziwa isigqila sokusebenzela inkosana yakwabo uBhekameva ayembiza ngesiphukuphuku 'sebhari' eyayazi kuphela imvilophi yomholo.

Imoto yabe seyehla yenyuka, uMahuzu elubopha eluqeda uzungu nezinye izigebengu. Dukuduku indodana yamhlebela unina ezazimphatha uthotholwana. Kwakuzohanjwa esontweni elalizoqalwa, ngezithuba zasekuseni.

9.6 Tomula isigameko esasidala udweshu lwangaphakathi kuMaHadebe nendlela yokuxazulula lolu dweshu ngokwalesi siqeshana. (2)

9.7 Chaza kafushane isiphetho sesakhiwana esimayelana nesu likaMaHadebe lokubulala uMirriam. (3)

9.8 Qhathanisa isigameko sokuqashwa kukaHlulintombi nguGenyeza naleso sokuqashwa kukaHlulintombi nguChule. (2)

9.9 Chaza imbangela yokusetshenziswa kwesu lokujeqeza emuva eliphathelene noGenyeza ngemuva kokuthola incwadi yokwaliwa nguNomvula. (3)

9.10 Ngokwakho ukubona ngabe umbhali wale noveli ubefanele yini ukusethulela uChule njengomfundisi ukuthola umcebo kaNomvula? Sekela impendulo yakho. (2)

**[25]**

**UMBUZO 10 (UMBUZO OMUDE)**

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

Phawula ngekhono lombhali ekubumbeni isakhiwo senoveli ethi, *Kunjalo-ke.*

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukwethula nokuchaza isakhiwo.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula ngekhono lombhali, ukucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho ngekhono lombhali ekubumbeni isakhiwo sendaba. **[25]**

**UMBUZO 11 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA E**

Ngakusasa esikoleni, njengenjwayelo ngesikhathi senhlabakhefu, uthisha uMoloi wanikeza uDumazile ukhiye wendlu yakhe. Wamcela ukuba ayomenzela itiye, amshisashisele amavosi namaqanda. Nebala uDumazile wawuthatha ukhiye, wahamba ngomude umzimba lo. Wafika ekotishi, wangena, wahlala phansi esihlalweni. Kwathi esadidekile, esazibuza ukuthi kusamfanele yini ukuba enzele uthisha ukudla njengoba kunalezi zinkulumo ezinjena, memfu uthisha uMoloi.

'Kanti bewungakabeki namanzi etiye nje?' Anikine ikhanda uDumazile. Uthisha wafunda kwezakhe ukuthi akuzi kahle.
'Thisha, ngiyakuhlonipha. Isenzo sakho siyayiphazamisa inhlonipho enginayo.' Wathi dlengelele uthisha. Kwacweba izinyembezi emehlweni kuDumazile, zathi qatha qatha. Waqhuba wathi:
'Abazali bami bangiyala ngenkathi ngisuka ekhaya. Ubaba yena wayengafuni sampela nje ukuba ngiqhubeke nesikole ngoba imali yokungiqhuba yayingekho. Ngancengelwa ngumama, kwadayiswa izinkomo ezimbili zokugcina nakuba uyangibona lapha. Ngabathembisa abazali bami ukuthi ngiyoziphatha kahle lapha ekuhambeni. Uma wena usuqala inkulumo yokungonisa, inhliziyo yami ivele iphatheke kabuhlungu. Ngithi angikwazise-ke thisha ngoba le nto ngizoyibikela uthishomkhulu uma iqhubeka.'

'Uthishomkhulu uxhumaphi kule nkulumo yethu? Futhi angithandi ukuba ufake umuntu wesithathu ngoba naye uziphathelwe yizinkinga zomuzi wakhe.'
'Thisha, wena ungathanda nje ingane yakho uma ishelwa nguthisha?'
'Ayikho inkinga lapho. Empeleni yithina bothisha okufanele sizikhethele omkethu kuqala, **izinsalela-ke sezingathathwa wuquqaba emphakathini**.

11.1 Gagula ubuqiniso obutholakala kulesi siqeshana obugqamisa ulwazi lwaphambilini ngomuzi wakwaKheswa. (2)

11.2 Chaza kafushana ubunjalo bomlingiwa onguDumazile obugqanyiswa okwenzeka kulesi siqeshana. (3)

11.3 Ngabe amazwi adwetshelwe kulesi siqeshana aqukethe mlayezo muni ngoThisha uMoloi? (2)

11.4 Ucabanga ukuthi kusiveza kanjani isizinda ukusebenzisa ulimi olubhalwe ngamagama agqamile? (3)

11.5 Phawula ngeqhaza elibanjwe uMthovovo ekucekeleni phansi umlingiswa onguSithole kule noveli. (3)

**KANYE**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA F**

Waphuma esedlwathuzela eseya kwenye indlu. UMaNdovela wayifunda ivaliwe, walandela. Wamfica umyeni wakhe edonsa iklwa ngaphansi kombhede.
'Wenzani yise kaDumazile? Wenzani?'
'Ngizobonda wena ngomkhonto uma ungabhekile!'
'Uzoze ungibonde ngomkhonto nje ngenzeni yise kaDumazile? Hhi, ngenzeni?
'Awuboni ukuthi uSithole uzongedelela lapha emzini wami? Ukhulelisa ingane yami bese ezopepenyeka nayo lapha! Akwenziwa lokho kokaNdodenye umuzi! Ukuthi besikhonzene naye akusho lokho ukuthi usengamane enze noma yikanjani emzini wami. Akhulelise ingane yami? Isigcino phela uzodlulela kuwena!'

'Yise kaDumazile, ubabezala wayeseluleka ngokuphakamisa isikhali phakathi komuzi. Wayethi lokho kuletha umkhokha omubi ekhaya. Kubi impela lokhu okwenziwe nguSithole, kodwa kufanele kuhlalwe phansi kuxoxwe.'
Umnumzane uKheswa wazikhumbula izeluleko zikayise esaphila, wathamba. Babonisana ngokuthi uSithole ahlawule. Baphuma endlini igwebu lemfezi selehlile, baqonda ekhishini lapho kwakuhlezi khona uSithole benoDumazile.

'Awu goba msenge zidle izimbuzi! Yimina lona osevele alibuke nje iphithi liziletha esagileni? Hho, yekanini imihlola! **Lafa elihle kakhulu**; lafa silibhekile!'
'Ayidle izibekele Nozulu!' Sekushweleza uSithole.
'Idle izibekele ini, inja?' Aphinde ashweleze futhi uSithole.
'Isenzo sakho simbi kabi wena! Ungcole kabi! <u>Awuhlukene nokuthi ugange nengane yakho!</u> Angikaze mina ngiyibone into enjena!'

'Nozulu ngiyashweleza ezinyanyeni zonke zakwaKheswa.'

11.6 Tomula isigameko esadala udweshu phakathi kukaMandovela noKheswa nesizathu salokho ngokukaKheswa kulesi siqeshana. (2)

11.7 Chaza kafushane isiphetho sesakhiwana esimayelana nokuzondana phakathi kukaMaShandu noDumazile. (3)

11.8 Qhathanisa isigameko sokubuya kukaDumazile ekhaya ngemuva kokuxoshwa esikoleni nangale nkathi efika ekhaya ehamba noSithole. (2)

11.9 Chaza isu lokubikezela elisetshenziswe umbhali elitholakala enkulumeni kaMaJwara noMaMdinsilwa ngemuva kokufika kukaDumazile noSithole kwaKheswa. (3)

11.10 Ngokwakho ukubona ngabe umbhali wale noveli ubefanele yini ukusebenzisa uLizzy ukudala ingxabano phakathi kukaSithole noMaNzimande? Sekela impendulo yakho. (2)
**[25]**

**NOMA**

**UBUCIKO BOMLOMO: *UJU LWEZIZUKULWANE* – KL Makhoba**

Phendula umbuzo OWODWA.

**UMBUZO 12 (UMBUZO OMUDE)**

Phawula ngekhono lombhali ekubumbeni isakhiwo senganekwane ethi*, Unogwaja nebhubesi* kanye nokubumbeka kwesakhiwo sangaphandle sezibongo *zikaGcina Mhlophe*.

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390 sekuhlangene impedulo yenganekwane nezibongo. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukwethula nokuchaza isakhiwo senganekwane kanye nokubumbeka kwezibongo.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula ngekhono lombhali, ukucaphuna nokwesekela ngokwenganekwane kanye nezibongo.
- Ukuveza uvo lwakho ngekhono lombhali ekubumbeni isakhiwo senganekwane nesezibongo.

**QAPHELA:** Lobu buciko obubhalwe ngezansi bucashuniwe. Ohlolwayo kulindeleke ukuba impendulo yakhe ikhulume ngesakhiwo senganekwane yonke kanye nokubumbeka kwesakhiwo sezibongo.

**INGANEKWANE: Unogwaja Nebhubesi**

**ISIQESHANA G**

**Umxoxi:** Kwesukesukela …
**Abalaleli:** Cosu!

Kwakukhona unogwaja owayehlala ehlathini nezingane zakhe ezimbili. Unogwaja wayethanda ukuhambahamba nezingane zakhe ehlathini ezifundisa indlela yokuziphatha ehlathini ngoba kunezingozi eziningi. Unogwaja wayenezitha ukwedlula zonke ezinye izilwane ehlathini. 'Iningi lonogwaja lifa liselincane ngenxa yokwanda kwezitha,' wayeziyala kanjalo izingane zakhe unogwaja. 'Asikho esinye isikhali onaso ngaphandle kokuhlakanipha, kumele nikwazi ukushesha niyisebenzise ingqondo, ikakhulukazi lapho nisenkingeni,' waqhubeka ngokuyala unogwaja.

Kuthe ngelinye ilanga besazihambela njalo ehlathini bezwa umsindo owabethusa bonke. 'Hhi! ... Hhi! ... Hhi! ... Hhi! ...' Umsindo wawuqhamuka ngasemfuleni. Ajombe unogwaja ame aqalaze. Kusale okuyizingane kuqube phansi. Aqalaze ephindelela unogwaja, yize engaboni lutho.
Umsindo osholo phansi uyaqhubeka njalo.

'Wozani zingane siqhubeke nohambo lwethu,' washo unogwaja eqhweba izingane, 'Kufanele sihambe ngokucophelela, kukhona okungalungile lapha ehlathini,' waqhubeka unogwaja ejeqeza macala wonke.
Babehamba ngokunyonyoba babuye bame baqalaze futhi balalelisise umsindo. Ngisho nezingane zazilingisa unina ekuhambeni ibangana zibuye ziphakamise izinyawo zangaphambili zime ngezangemuva ziqalaze. Bathi besahamba onogwaja bazithela ebhubesini elalilele ngohlangothi phansi.

'Hhiiii!' Usho umsindo kube sengathi kundindizela izulu. Yibhubesi eligugile leli, libanjwe yisihibe, alikwazi ngisho nokunyakaza. Sekuguge utshani kanye nezihlahla lizabalazela ukuphunyuka kodwa cha, akuphunyukeki.
'Ngisize nogwaja, ngafa!' Kumemeza ibhubesi ngephimbo elihoshozelayo. Zijombe izingane zize ziyoma ngemuva kukanina.

**KANYE**

## IZIBONGO: IZIBONGO ZIKAGCINA MHLOPHE

## ISIQESHANA H

Isihlahla somdlebe esimayikayika,
Esiyikazela ngezinhlobonhlobo zezithelo,
Ngoba siyikazele ngobuhle be-Afrika.
Usihlahla esigabe ngezithelo zaso,
Umkhiwane omuhle ongenazimpethu
Eminye yoniwa zibungu.
Abadla kuso abadeli,
Nezithelo zaso azipheli.
Usihlahla abaphumula kuso
Bamila izimpande.

Isihlahla esikhulise
Safukamel' izinyoni zase-Afrika,
Saye safukamela nezinyoni
ZamaJalimane namaNtaliyane,
Abadala nabancane bethi sixoxele.

Isihlahla abasibone eLandane basichelela,
NaseNyuvesi yaseThekwini basivukuzela
Isihlahla esimpande zaso zisabalele
Zinabele kwejulile
imithombo.
Amaqabunga aso
akhephuzela uthando,
Sithe singesakwaMhlophe
Samane sabamhlophe,
Siphethe okumhlophe!

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha 

## UMBUZO 13 (UMBUZO OMFUSHANE)

## IZINGANEKWANE

Fundisisa lesi siqeshana senganekwane bese uphendula imibuzo elandelayo ngezansi.

### ISIQESHANA I: *UNONSIKELELO*

Igama layo kwakunguNonsikelelo. Athi lapho emthola khona amazimu, aphikisana ngokuthi ambulale noma cha. Agcina ngokuthi angambulali, athi uzowaphekela, awathungele aphinde awenzele konke ayefuna ukukwenzelwa. UNonsikelelo wayegcinwe emgedeni wamazimu.

Wayeyintombazane enhle kakhulu uNonsikelelo, enguphuma langa sikothe futhi ethandeka kuwo wonke umuntu. Wakhula-ke ngokondliwa ngamazimu. Uthe esekhulile, amazimu amkhipha emgedeni, ahamba naye ayomfihla endlini enhle ephezulu embhoshongweni ophakathi ehlathini elimnyama nelisabekayo.

Umbhoshongo lowo wawungenasikhwelo sokugibela uma uphikelele phezulu. Wawungekho nomnyango wokungena uye phezulu embhoshongweni ngaphandle kwembobo encane eyayiyifasitela.

UNonsikelelo wayehlala egqoke ingubo enomsila omude oze uyoshaya phansi ngaphandle embhoshongweni. Njalo uma amazimu efuna ukumvakashela noma emlethele ukudla, ayehlangana phansi embhoshongweni ahlabelele:

*'Nonsikelelo! Nonsikelelo!*
*Nkosazane yehlathi,*
*Siphalaphala esibambezela umuntu emuka namanzi,*
*Yehlisa umsila wengubo!'*

Wayethi uNonsikelelo angezwa amaphimbo amnandi napholile eqhamuka phansi, ehlise umsila wengubo ngefasitela. Wonke amazimu ayeqoqana anombele ngomsila wengubo aze ayongena embhoshongweni phezulu.

Ngelinye ilanga amazimu acula kwaze kwezwa indodana yenkosi eyayiphikelele ukuyogeza emfuleni oseduze.

*'Nonsikelelo! Nonsikelelo!*
*Nkosazane yehlathi,*
*Siphalaphala esibambezela umuntu emuka namanzi,*
*Yehlisa umsila wengubo!'*

Yema inkosana, isanganiswe ngumculo omnandi kangaka. Yasondela kancane, ihamba izifihla ngoba ingafuni ukubonwa. Yagcina iwubona umbhoshongo kodwa yangawubona umnyango.

13.1 Tomula isigameko esadala udweshu phakathi kwamazimuzimu nesixazululo salolo dweshu ngokwalesi siqeshana. (2)

13.2 Chaza kafushane ubunjalo bomlingiswa *oyinkosana* obugqanyiswa okwenzeka kule nganekwane. (3)

13.3 Qhathanisa isigameko sokutholwa kukaNonsikelelo ngamazimu kanye naleso sokutholwa kukaNonsikelelo inkosana yenkosi. (2)

13.4 Chaza umyalezo oqukethwe isenzo samazimu ngesikhathi ethola uNonsikelelo okokuqala kule nganekwane. (2)

13.5 Iyini inhloso yombhali yokusebenzisa umculo ophindaphindwayo kule nganekwane? (3)

13.6 Ngokwakho ukubona ngabe umbhali wale nganekwane ukwazile yini ukusebenzisa isulubezi/isihibe kule nganekwane? Sekela impendulo yakho. (3)
**[15]**

## IZINKONDLO ZOMDABU

Funda lezi zibongo ezigcina amagugu bese uphendula imibuzo ezolandela ngezansi.

## IZIBONGO: ISIQHINGI SASE-ROBBEN ISLAND

## ISIQESHANA J

Kwelingafelwa nkonyane idlelo,
Idlelo lemihlambihlambi.
Eminye yahamba amasolokohlo,
Bahlal' inhlal' ehlasimulis' umzimba,
He! Kwehla ngamphimbo munye.
Izilomo zaphenduk' izaliwakazi,
Bevez' elomhlath' omaluma bephephetha,
Ababekhaphel' imihlambi kuwe.
Babengazi babewelise ngelibanzi,
Esiqhingini sensinde nobabe
Lapho zizofika zinamathele khona.
Phakathi kokubi okwenziwa abenzi
Omenziwa abakubambele gqubu wena.

Siqhingikazi esakhulis' imiqondo yamabutho.
Siqhingikazi esondla izingqalabutho.
Mbelekazi abawugwansisa ngenzondo.
Bashaye phansi kwashunqa osiyazi.
Wena wawudalelwe ubunsengwakazi
Ube ngunondlini wakwethu.
Namuhla uklezisa izizukulwane,
Namuhl' azipheli kuwe zivakash' int' engapheli,
Sengathi kusemakhabonina
Lapho beyofike bavutshelwe amasi.
Bengasekho ababeboshwe ngamaketang' obandlululo,
Bengasekho abayobanjwa ngamatomu engcindezelo,
Kungasekho bungasekho qha ubugqila.
Kulesi siqhingi sekusezweni lesethembiso.
Umhlaba jikelele ungofakazi.

Sinonjiniyela bezindizamshini,
Bathutha izinkumbi ngezinkumbi,
Zisuka emazweni ngamazwe omhlaba.
Namuhla sebekubona ubukhazikhazi,
Thina bomdabu sikwazi unuka phu.
Noma kunjalo asinama`gqubu emfene,
Siyokuvakashela noma simathintanyawo.
Wen' awonga yibo laba osibanibani
Abakuphendula itilongo lokungcwekisana,
Babengazi ukuthi ziyobanetha.
Wen' usuphenduk' isiqhingi sokunethezeka.
Usuyoyizekel' amagwabab' echobana.
Bengizothi cosu, cosu iyaphela,
Kepha awusiyo inganekwane
Siyakwazi siqhingi ndini.

13.7 Tomula ukuxhumana okutshekile okutholakala ebinzeni loku-1 kulezi zibongo. (1)

13.8 Chaza kafushane ingwijikhwebu equkethwe yilezi zibongo. (3)

13.9 Ucabanga ukuthi ukuhleleka kwemigqa kanye nezimpawu zokuloba kunamthelela muni esigqini salezi zibongo? (2)

13.10 Ngabe umoya oqukethwe yibinza lesi-3 ukusize kanjani ekuqondeni isimo sezombusazwe saseNingizimu Afrika? (2)

13.11 Phawula ngokusetshenziswa kwesifengqo esiyisihlanekezelo esidwetshelwe ebinzeni lesi-2. (2)

**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 25**

## ISIQEPHU C: UMDLALO

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

### UMBUZO 14 (UMBUZO OMUDE)

### *KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo

Xoxa ngokuxhumana phakathi kwenkulumompendulwano nezenzeko kulo mdlalo othi: *Kudela Owaziyo*. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Ukwethula nokuchaza inkulumompendulwano nezenzeko.
- Ukuphendula umbuzo ngokuxoxa ngenkulumompendulwano nezenzeko, ukucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho ngokuxhumana phakathi kwenkulumompendulwano nezenzeko kulo mdlalo. **[25]**

### UMBUZO 15 (UMBUZO OMFUSHANE)

### *KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

### ISIQESHANA K

*(Kube wukuyizwa nje le nhlabamkhosi khona manjalo uManqina aphumise okwenhlamvu emzini wakhe esephuthuma kwamakhelwane ngelikhulu ijubane leli. Angene nezicabha endlini kaMdaluli. Ngale nkathi-ke sebegquma kakhulu laphayana phansi oMaMlanduli noLondiwe benziwa yizinhlungu)*

MANQINA: (*uyamxazulula uMdaluli njengalokhu esabaqhifa nje umkakhe nendodakazi)* Kahle bo makhelwane! Ayenziwa le nto oyenzayo kubantu besifazane! Yicala phela leli.

MDALULI: (*ngezwi lokudinwa*) Bekufanele ngenzenjani kanti makhelwane ukuze ngiqhelise isilingo salo mfazi oseyiphela endlebeni lapha kimi? Angithi ulokhu engiphoqa ukuba ngidle phezu kokuba ngimtshela kahle ngithi inhliziyo imnyama?

MANQINA: Noma kunjalo kodwa baba, awukho umuzi wenduku.

MDALULI: Kodwa uma ngabe sewuqambe ubheka nje nawe makhe, ingayeka kanjani inhliziyo ukuba mnyama ngendlela yokuba umuntu engabe esakulangazelela ukudla njengoba singasasebenzi nje?

MANQINA: Naphezu kwalokho baba, ubumnyama benhliziyo yakho abukuniki nakancane nje igunya lokukhiphela isibhongo emndenini wakho. Ukhumbule phela ukuthi akusiyona inkosikazi yakho ihlangene nendodakazi eyathi ifemu obusebenza kuyo mayithuthe kuleli maqedane udilizwe wena. Induku lena ayize ingakha baba kepha esikhundleni salokho ichitha imizi. Futhi-ke ayiqali ngawe le nkinga okuyona baba. Miningi imindeni enenkinga efana ncamashi nalena yakho kumbe-ke enezinkinga ezengezekile ezingaphezulu kakhulu kwalena yakho baba kodwa obaba bayo abangenalo neze, lolu dlame onalo wena kuyo.

15.1 Nikeza indlela okuvezwe ngayo umlingiswa onguManqina ngokwalesi siqeshana. (2)

15.2 Ngawakho amagama fingqa inkulumo eyabe iyiziyalo ezanikezwa uMdaluli nguManqina ngokwalesi siqeshana. (3)

15.3 Chaza kabanzi ngendikimbana etholakala enkulumenimpendulwano phakathi kukaZenyezile noLondiwe ngemuva kokuzwa ukuthi kungenzeka ukuthi uMdaluli akasekho emhlabeni. (3)

15.4 Chaza ngethoni equkethwe amazwi adwetshelwe enkulumeni kaMdaluli. (2)

15.5 Ucabanga ukuthi isenzo sikaLondiwe sokungenelela ezindabeni zabazali bakhe siyakholeka? Sekela impendulo yakho. (3)

**KANYE**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA L**

*(Ntambama, emzini kaChivenga kwaHlomendlini, uChivenga uvakashelwe uHlengiwe. Bahlezi kusofa ekamelweni lokuphola, Bayaxoxa)*

HLENGIWE: *(uyamoyizela)* Ngizwile ngosibhinca-makhasana mkhaya ukuthi ubuyile izolo kusihlwa okungangoba busebunye nje kuphela ubusuku osabulale lapha ekhaya selokhu ubuyile.

CHIVENGA: *(usikhuluma ubukwerekwere isiZulu)* Ngibuyile nje lokho okungasho lutho mkhaya, nakuba-ke isimo siya ngokwenyukela nje MaHlengi ...

HLENGIWE: (*umangele*) Hhayi bo! Kanti uphume esibhedlela ungakelapheki yini mfowethu?

CHIVENGA: *(usikhuluma ubukwerekwere isiZulu)* Ngiyakubona nje lokho mkhaya futhi-ke angikugqizi qakala ngoba sengicishe ngifinyelele eqiniswenI lokuthi kubangwa yini. Okuyiyona nto engiphethe kabi emoyeni ntombi wukuthi angilalanga neze ebusuku bayizolo. Kwale ngisho sengibuzwa ubuthongo bubaba emehlweni kodwa abangehla ngendlela efanele ngagcina sengilele obenyamazane.

HLENGIWE: Tshela mina wena mkhaya, bese kuvuke izinhlungu zama ngezinyawo yini lapha esandleni?

CHIVENGA: *(usikhuluma ubukwerekwere isiZulu)* Cha, ngithena ake sikubeke eceleni lokho. Okuyikhona ngempela okubangele ukuba bungehli ubuthongo yileli vumakabili ebelilokhu liqubula izikhawu lapha enhla komuzi ... (aphazamiseke)

HLENGIWE: (*ngezwi eliphakeme, useqwebule amehlo, umangele*) Hhayi wena bo! Ivumaka-bili? Ingani yinyoni yabathakathi nje leyo?

CHIVENGA: *(usikhuluma ubukwerekwere isiZulu)* Nakho-ke njalo ngikulandisa. Inkosi impela angikwazi okufana nalokhu mina. Belilokhu liqovumula ivumakabili lansondo kuze kube sengathi libhadla emathunjini. Kuzisho khona phela ukuthi kukhona umuntu kumbe abantu abangangithandi kule ndawo engingathi nje bamelene nami.

15.6 Nikeza izinhlobo EZIMBILI zesizinda eziphathelene nokuvezwa kwenkulumo eyisandulela kulesi siqeshana. (2)

15.7 Chaza kafushane okwakubikezelwa ivumakabili elitholakala kulesi siqeshana empilweni kaChivenga. (3)

15.8 Sasiyoba njani isimo sezinto phakathi kukaManqina noHlengiwe ukuba uManqina akaphelelwanga umsebenzi? (3)

15.9 Isixakaxaka esenzeka emzini kaMemela sasingaba namthelela muni empilweni yezingane zakhe uma sezikhulile? Sekela impendulo yakho. (2)

15.10 Phawula ngokuxhumana phakathi kwenkulumo kayedwana eyethulwa umlingiswa onguHlengiwe mayelana nokuqoma uChivenga nesenzeko esenzeka phakathi kwabo bobabili. (2)

**[25]**

**UMBUZO 16 (UMBUZO OMUDE)**

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

Xoxa ngokuxhumana phakathi kwenkulumompendulwano nezenzeko kulo mdlalo othi: *Awuwelwa uMngeni*. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Ukwethula nokuchaza inkulumompendulwano nezenzeko.
- Ukuphendula umbuzo ngokuxoxa ngenkulumompendulwano nezenzeko, ukucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho ngokuxhumana phakathi kwenkulumompendulwano nezenzeko kulo mdlalo.

**[25]**

**UMBUZO 17 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA M**

| | |
|---|---|
| NODWENGU: | Impela wena kaMshwilansimbi. Kumele kugcizelelwe ezingqondweni zabantu ukuthi ukungakhethi kahle kwabo ebhontshisini kungabanga iwuchithe umuthi inkonyane. Kumele kungabibikho kudideka. |
| SALIMANI: | Ngibona ukuthi–ke kumele wena mfowethu Nodwengu kube nguwena oyohlala phakathi kwamasaka kabhontshisi ubheke ukuthi konke kuhamba kahle yini. Abafowethu oGundane noSikhova bona bayobheka ukuthi abantu bayaphiwa ukudla. Abafowethu oMbongolo noMcondo bona bayongisingatha. Kanti umfowethu uMcanjana yena uyokwengamela nje konke ukuhamba komsebenzi. Umsebenzi wokuhlatshwa kwezinkomo-ke usezandleni zakho namabutho wena kaMgingqika. |
| NONDWENGU: | Uma-ke uSomtsewu enqaba ephetha ukuba kusebenze leli su lokaNkunz' emnyama likabhontshisi siyokwenzenjani na? |
| SIKHOVA: | USomtsewu angahle akwenze nje lokho ngoba unenkani engangeyeselesele lenqaba ukuphuma elawini. |
| SALIMANI: | Kusasa kuyobe kukusasa.Uma uSomtsewu engafuni yena ukubona ukuthi kusasa kuyobe kukusasa nami angazi-ke. Nginamanga yini mfowethu wasoDibini? |
| MCANJANA: | Phinde wena kaSotaba. Sekungamane kufe kwagula linamasi. |
| SALIMANI: | Yisizwe esiyokwenza okufanele sikwenze ngendlela esiyibona kufanele sikwenze ngayo. Angazi-ke noma kukhona yini okunye engikushiyayo malungana namalungiselelo embizo yakusasa yokufika kukaSomtsewu. |
| MBONGOLO: | Mina ngibona ukuthi bekungakuhle uSikhova amabutho akhe athi angafika awahlele aqale khona manjalo ukuhuba amahubo, ahaye nezinkondlo zesizwe. Kumele uSomtsewu benoZithulele nabayobe behambisana nabo bazibonele zisuka nje amadaka ukuthi kuyobe kungadlalwa. |
| SALIMANI: | Kungakuhle-ke nonke nisheshe ukufika lapha. Kungenzeka ukuba uZithulele athumele onongqayi kusesekuseni kakhulu. Phela uyindoda enovalo. Kungakuhle-ke kwenzeke lokho uma kwenzeka kwenzeke nina nonke senilapha ekhaya. |

17.1 Nikeza indlela okuvezwe ngayo umlingiswa onguNodwengu ngokwalesi siqeshana. (2)

17.2 Ngawakho amagama fingqa inkulumo eyabe iyimiyalelo kaSalimani kubafowabo mayelana namalungiselelo okhetho ngokwalesi siqeshana. (3)

17.3 Chaza kabanzi ngendikimbana etholakala esinqumweni sejaji enkantolo yaseMgungundlovu. (3)

17.4 Chaza ngethoni equkethwe amazwi adwetshelwe enkulumeni kaMcanjana. (2)

17.5 Ucabanga ukuthi isenzo sikaSalimani sokumema nabantu besifazane ezimbizweni zesizwe siyakholeka? Sekela impendulo yakho. (3)

**KANYE**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA N**

SALIMANI: *(ehlise umoya.)* Landa phela sizwe.

MPHILIPHILI: Ngwazi, sukulumbe ngisukelwe uMgqabula engifunyanisa ngizithengela ugwayi kumthundlazi laphaya eMgungundlovu kade ngiyokhangeza iholo lami lempesheni. Wangibamba ngengalo waphuma nami phandle.

BONKE: *(balalelisise.)*

MPHILIPHILI: Phandle laphaya sathi uma sithi khwace nje wayesengiphuthuma ethi useze wabizwa kabili eMshwathi ebizwa nguZithulele kanti eMgungundlovu khona usebizwe kwaze kwakathathu ebizwa uSomtsewu emthuma kimina ethi akangicele ngingabayekeli phansi kule nkanankana ababhekene nayo ngodaba lwezwe abalibanga nawe wena kaMvunisi owabuya nengqobe. *(Ahefuzele athi ukuhlaba ikhefu.)*

SALIMANI: Qhuba phela sizwe.

MPHILIPHILI: Kanti phambilini kwake kwafika uNgoza wangithi fu ngenqwaba yawopondo abahlanu wathi yisipho sami sikaKhisimuzi engisiphiwe nguSomtsewu, yize wase wedlule kwaKhisimuzi lowo.

BONKE: Hhawu!

MPHILIPHILI: *(athalaze)* UMgqabula ngamtshela ukuthi udaba ayekhuluma ngalo lwalubucayi kakhulu. Ngagcizelela ukuthi ngangingethande ukuzigaxa kulona ngaleyo ndlela, hleze nginukeke njengexoki nembuka. Naye-ke wangifunza amashumi amathi awopondo (*ephakamisa iminwe emibili*) wathi yisipho sami esivela kwaHulumeni. Nami ngenxa yokulamba ngehluleka ukuyenqaba le mali engifumbathiswa yona.

| | |
|---|---|
| SIKHOVA: | Wayibikela iNkosi konke lokho? |
| SALIMANI: | *(wamkhuza, wamthulisa ngokumhebeza ngesandla uSikhova.)* Qhuba Mphiliphili ngilalele. |
| MPHILIPHILI: | Kuhle ngivume futhi Nkosi yami ukuthi sihlangana naye eMgungundlovu nje uMgqabula wayesanda kuthumela indlezane enethole elixhofuzayo wathi uyangisisela ukuba ngikleze. |

17.6 Nikeza izinhlobo EZIMBILI zesizinda eziphathelene nokuvezwa kwenkulumo kaMphiliphili kulesi siqeshana. (2)

17.7 Chaza kafushane okwakubikezelwa ukufumbathiswa kukaMphiliphili nguMgqabula okutholakala kulesi siqeshana empilweni kaMphiliphili. (3)

17.8 Sasiyoba njani isimo sezinto phakathi kukaZithulele noSalimani ukuba uSalimani akathethwanga icala enkantolo yaseMgungundlovu? (3)

17.9 Isixakaxaka esenzeka emzini kaMcondo sasingaba namthelela muni ezimpilweni zezingane zesizwe seNkosi uSalimani? Sekela impendulo yakho. (2)

17.10 Phawula ngokuxhumana phakathi kwenkulumo-mpendulwano yeNkosi uSalimani noZithulele emva kokuba ephucwe indawo nesenzeko esenzeka esiphethweni salo mdlalo. (2)
**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 25**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**